PanSALB
PAN SOUTH AFRICAN LANGUAGE BOARD

ISIKHANGISO SOKUMEMA AMAGAMA ALABO ABAZOQOKELWA UKUSEBENZA EMAKOMIDINI OLIMI AYISISHIYAGALOLUNYE AKWAPANSALB EZIFUNDAZWE (AMA-PLC), OKUYILAWA IKOMIDI LASE EASTERN CAPE, FREE STATE, KWAZULU NATAL, MPUMALANGA, NORTHERN CAPE, NORTH WEST, GAUTENG, WESTERN CAPE KANYE NASE LIMPOPO; NGOKOMTHETHO WEBHODI LEZILIMI ENINGIZIMU NE-AFRIKA WAMA - 59 WONYAKA WE - 1995, ISIGABA SE - 8(8)(a)

IBhodi leziLimi zaseNingizimu Ne-Afrika (i-PanSALB) lapha imema amagama alabo abazoqokelwa ukusebenza kumakomidi olimi ezifundazwe (ama-PLC) ngokwesigaba se - 8(8)(a) somthetho we- PanSALB wama - 59 wonyaka we -1995, lokhu kulandelwa ukubonisana kwamalungu eSigungu Esiphezulu (MEC) nokubhekelelwa kwezindaba zezilimi ngokwehlukana kwezifundazwe.

i -PLC ngayinye kumele ibe namalungu angevile kwayishumi nantathu (13) futhi babenalokhu okulandelayo:

1. Kumele kube abaluncela ebeleni noma abalusebenzisayo lolo limi kusifundazwe abazobe besimele ,babe izakhamuzi zase Ningizimu Afrika futhi bahlale kuso isiFundazwe saleyo-PLC
2. Babe nolwazi olunzulu lwezilimi ezisemthethweni zaseNingizimu Afrika. zaleyo - PLC yesifundazwe kanye nalezi:
   2.1. izilimi zama Khoi nama San
   2.2. uLimi Lwezimpawu lwase Ningizimu Afrika
   2.3. Izilimi zeNdabuko/ zeMvelaphi

3. Abasethubeni lokuqokwa kumele babe nothando futhi babambe iqhaza ekuthuthukisweni kolimi ngokululeka kulemikhakha elandelayo:
   3.1. Ukuhunyushwa nokutolikwa kwezindaba zolimi zesiFundazwe kubalwa ukusungulwa ,ukuhlanganiswa kanye nokugcinwa kohlu lwemininingwane yaloluhlobo
   3.2. Ukuhlela ulimi nokuqalwa komthetho walo
   3.3. Izichazamazwi kanye nokuqanjwa kwamatemu
   3.4. Ukwenza ucwaningo ngezindaba zolimi kanye
   3.5. Nokubhekelela izindaba zamalungelo abantu olimi esiFundazweni (ulwazi lomthetho luyoba usizo)

4. Izicucu ezidingekayo kulabo abasethubeni lokuqokwa ilezi:
   4.1. Ikhophi eqinisekisiwe kamazisi waseNingizimu Afrika (i-I.D);
   4.2. Amakhophi aqinisekisiwe eziqu ezifanelekile zomkhakha weziLimi noCwaningo
   4.3. iCV efingqiwe

Amafomu okuqokela ayatholakala kuwowonke amaHhovisi akwaPanSALB kuziFundazwe naKomkhulu lakwaPanSALB e-Pretoria (amakhophi ayatholakala kuwebsaythi yakwaPanSALB). Ifomu lokuqokela eseligcwalisiwe lingathunyelwa:

Ku: Dkt. R.R.M. Monareng (uMphathi Omkhulu wakwa PanSALB)
Iqondiswe ku: N. Ndabezitha (Inhloko yama – PLC)
Private Bag X08
Arcadia
0003